Isifundo 3

**Okthoba 10–16*

Umthetho NjengoThisha

NgeSabatha Ntambama

Funda kuleliviki:
Duteronomi. 6:5; Duteronomi. 31:9–27; Rom. 3:19–23; Samb. 12:17; 14:12; Marko 6:25–27; Heb. 5:8.

Indimana Yekhanda:

"Uyothanda uJehovah uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umpefumulo wakho, nangawo onke amandla akho" (Duteronomi 6:5, NKJV).

Ekuxwayiseni abaseGalathiya ngokuba ngabashisekela umthetho, uPawule wabhala: "Ngokuba uma wawunikiwe umthetho onamandla okuphilisa ngempela ukulungisiswa ngakuya ngomthetho" (Gal. 3:21, NKJV). Nembala, uma noma yimuphi umthetho wawukwazi "ukunikeza ukuphila," kwakungaba ngumthetho kaNkulunkulu. Kepha iphuzu likaPawule lithi, kithina zoni, nawo umthetho kaNkulunkulu awukwazi ukunikeza ukuphila. Kungani na? "Kepha umbhalo uvalele konke phansi kwesono, ukuze isithembiso ngokukholwa kuJesu Kristu sinikezwe labo abakholwayo" (Gal. 3:22, NKJV).

Kepha, uma umthetho ungakwazi ukunikeza izoni ukuphila, yini inhloso yawo, ngaphandle kokusibonisa isidingo sethu somusa na? Ngabe ke, umthetho usebenza kuphela ngokuphikisayo, ukuba usibonise izono zethu kuphela na? Cha; umthetho ukhona futhi ukusikhombisa indlela yokuphila, etholakala kuphela kuJesu. Yilokhu okumele imfundo yeqiniso ikwenze, ukusikhomba empilweni yomusa, yokukholwa, kanye nokulalela uKristu. Yingakho Kuleliviki sizofunda ngendima yomthetho kaNkulunkulu Emfundweni yobuKristu. Njengoba senzenjalo, masibone ukuthi umthetho, nakuba ungakwazi ukusisindisa, usengasifundisa ngokukholwa, ngomusa, kanye nothando lukaNkulunkulu ngesintu esiwileyo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, October 17.*

Ukuthanda Nokwesaba UNkulunkulu

Incwadi kaDuterononi iqukethe amazwi okugcina kaMose kuIsrayeli ngaphambi kwesizukulwane esisha, leso esasizogcina singenile Ezweni leSithembiso. Kepha ngaphambi kokuba bangene, unamazwi asobala kanye nemiyalezo kubo.

Funda uDuteronomi 31:9-13. Kuchaza ukuthini ukwesaba uJehovah na?

UNkulunkulu wayenenhloso ngendlela ayedlulisa ngayo umthetho Wakhe kuIsrayeli. Wenza yonke imihlinzeko yokuthi imithetho Yakhe ingakhohlakali. Ngaleyondlela, uNkulunkulu ungumfundisi obekezelayo. Ufundisa futhi aphinde athumele abaprofethi futhi asebenzise izinceku Zakhe ukwedlulisela umbiko Wakhe. Futhi uloku ephindaphinda. Nembala, imibhalo eminingi yeTestamente Elidala ayimayelana noNkulunkulu efuna ukufundisa abantu Bakhe ukuba balandele indlela yokuphila na?

Qaphela kulezizindimana indlela uMose agcizelela ngayo ukubaluleka kokuba izizukulwane ezilandelayo zifunde umthetho. UMose uchaza lokhu njengohlelo lwezinyathelo ezimbili. Okokuqala abantwana bazokuzwa umthetho, futhi bese "befunda ukwesaba uJehovah uNkulunkulu wakho" (Dut. 31:13). Okokuqala, bayezwa, bese, befuda ukwesaba uNkulunkulu. Okungukuthi, Ukufunda umthetho kusingisela ukuthi ukwesaba ngeke kube ngumphumela wemvelo wokwazi umthetho. UMose uzwakala ethi ulwazi kanye nokwesaba wuhlelo, hhayi umphumela wobudlelwane.

Futhi, Kuchaza ukuthini "ukwesaba uNkulunkulu" ngenkathi abantu betshelwa ukuthi "Uyakuthanda uJehovah uNkulunkulu wakho ngenhliziyo yakho yonke, ngomphefumulo wakho wonke, kanye namandla akho onke na" (Dut. 6:5, NKJV) Mhlawumbe singaqhathanisa indlela ingane ethanda futhi yesaba ngayo ubaba olungileyo, ubaba owembula uthando lwakhe kanye nokunaka ngokubonisa ukuthi lokho akushoyo kuyiko futhi lokho akuqondile yilokho akushoyo. Ngobaba onjalo, uma wenza okungalungile, nembala uyathola imiphumela yalokho kungalungi. Yebo, singakwazi, futhi kumele, sithande futhi simesabe uNkulunkulu ngesikhathi esisodwa. Lemiqondo ayiphikisani. Ngokuya sifunda ngoNkulunkulu, siya ngokumthanda kakhulu Yena ngenxa yokulunga Kwakhe; kepha Kusenjalo, ngokuya sazi ngoNkulunkulu, siye simesabe kakhulu, futhi, ngoba sibona indlela angcwele futhi nalunge ngayo nokuthi thina siyizoni ezingalungile kangakanani ngokuqhathaniswa, nokuthi kungomusa—esingawufanele-singabhujisiwe.

Ukuqonda kanjani okuchazwa ngukuthanda nokwesaba uNkulunkulu ngesikhathi esisodwa na?

Ufakazi Omelene Nani

Lapho uMose azi ukuthi usezokufa, waqwasha kakhulu ngesimo azosishiya emuva. Uyazi ukuthi ngemuva kokufa kwakhe abakwaIsrayeli bazongena Ezweni leSithembiso laseKanana. Uyazi futhi ukuthi bazohlubuka lapho befinyelela lapho ababekade belangazelela khona.

Funda uDuteronomi 31:14-27. Yimaphi amalungiselelo awenzayo uMose ngaphambi kokufa kwakhe na? Yikuphi okwakukhathaza uMose kakhulu, futhi ubhekana kanjani nako na?

Indlela uMose akhuluma ngayo lapha ingabonakala sengathi ngekathisha elungisela ozongena esikhundleni sakhe. Uyazi ukuthi abafundi bakhe abaziphathanga kahle kukhona yena eklasini; akaluthekile ekucabangeni ukuthi ngeke bavukele lapho engasekho. Uyaleza abaLevi ababethwala umphongolo wesivumelwano ukuba babeke Incwadi yoMthetho eceleni komphongolo ukuze ibe "ngufakazi." UMose akadlulisi nje uhlelo lokufundisa kulowo ozothatha isikhundla sakhe. Udlulisa Ufakazi. UMose ukhuluma ngencwadi yoMthetho sengathi ingumuntu ophilayo onamandla okukhuza izinhliziyo zabantu.

Cabanga ngomthetho njengo "fakazi Omelene" nabo. Siwuqonda kanjani lomqondo kwiTestamente Elisha, ngokunjalo na? Buka uRom. 3:19–23. Okungukuthi, umthetho usiveza kanjani isidngo sethu somusa na?

KuDuteronomu 31, uNkulunkulu uyaleza uMose ukuba alobe ingoma uJehovah amfundise yona. UMose kumele ayifundise abakwaIsrayeli ukuze, njengoba kushiwo kundimana 19, ibe "wufakazi ngami kubantwana bakwaIsrayeli." Futhi sibona isimo somuntu kwimiqondiso kaNkulunkulu. Ingoma, lapho iculwa, kulula ukwabelana ngayo kanye nokuyisabalalisa. Futhi lapho ingoma iwufakazi, inekhono lokwenza abantu bazibuke bona babone lokho ekushoyo ngabo.

Nalapho sifuna ukulalela umthetho kaNkunkulu ngawo onke amandla esiwanikezwa nguYena, Yiziphi izindlela umthetho Wakhe osebenza njengo-"fakazi omelene" nathi na? Lofakazi usufundisani mayelana nesidingo sevangeli ezimpilweni zethu na?

Ukuze Niphumelele

Kulo lonke iBhayibheli, sizwa ngeminye imiphumela yokwazi—kanye nokulalela—umthetho kaNkulunkulu.

Funda uJoshuwa 1:7, 8. Yini uJehovah ayeyisho kuJoshuwa, futhi izimiso ezitholakala lapho zisebenza kanjani kithina namuhla na?

UJehovah utshela uJoshuwa lapho engena eKanana: "Qina kuphela, ume isibindi kakhulu, uqaphele ukwenza ngokomthetho wonke akuyala ngawo uMose inceku Yami ungaphambuki kuwo ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo ukuba ube nempumelelo nomaphi lapho uya khona" (Josh. 1:7, NKJV). Lomqondo wempumelelo njengomphumela wokulalela ungabonakala uphikisana nendlela impumelelo ekalwa ngayo emhlabeni wethu namuhla. Iningi namuhla likholwa ukuthi izimpawu zempumelelo ngamaqhinga, ubuhlakani, kanye nokuzethemba. Ukuphumelela embonini ethile kuvama ukudinga ithalente eledlulele kanye nokuzibeka engcupheni. Nakuba kunjalo, phambi kukaNkulunkulu impumelelo idinga Izinsiza ezehlukile.

Funda iSambulo 12:17, iSambulo 14:12, Roma 1:5, Roma 16:26, Jakobe 2:10–12. Zithini lezizindimana kithina, namuhla, mayelana nokulalela umthetho kaNkulunkulu na? Okungukuthi, nakuba singasindiswa ngokulalela umthetho kaNkulunkulu, kungani kusemqoka kakhulu ukuba siwugcine na?

YiTestamente Elidala, yiTestamente Elisha, yiSivumelwano Esidala, yiSivumelwano Esisha—akusho lutho: njengamaKristu akholwa yiBhayibheli sibizelwe ekulaleleni umthetho kaNkulunkulu. Ukuphambuka emthethweni, okwaziwa njengesono, kungaholela ebuhlungwini, ekuhluphekeni, nasekufeni Kwaphakade. Ngubani ongakaze azifundele, noma azibonele, imiphumela yesono, imiphumela yokuphambuka emthethweni kaNkulunkulu na? NjengoIsrayeli wasemandulo ayephumelela ngokulalela umthetho kaNkulunkulu (nakuba babedinga nomusa, futhi), akwehlukile kithini namuhla, ngokunjalo. Yingakho, njengengxenye yemfundo yobuKristu kuyadingeka ukuba sigcine umthetho kaNkulunkulu uyingxenye engumongo yokuphila ngokholo kanye nokwethembela emuseni kaNkulunkulu.

Abe yini amava akho mayelana nemiphumela yesono na? Yini oyifundile ongabelana ngayo nabanye ukuze, mhlawumbe, nabobangenzi amaphutha afanayo na?

Ukukhandleka NeMizabalazo Yabagcini Mthetho

Inkulu inzuzo ekulandeleni umthetho kaNkulunkulu, njengoba ifakazelwa kubantu uNkulunkulu abaphumelelisa. UJoshuwa wayilandela eduze imiyalelo kaNkulunkulu futhi wahola nabantu bakwaIsrayeli. Izikhathi eziningi, uJehovah watshela uIsrayeli ukuthi uma belalela umthetho Wakhe, babeyophumelela.

Funda 2 Izikronike 31:20, 21. Yiziphi isizathu eziphambili zokuphumelela kukaHezekiya na?

Nakuba sikweyiphi indawo yokufundela, kumele sigcizelele ukubaluleka kokulalela. Kepha abafundi bethu abazona iziwula. Bazoqaphela, Kungekudala, iqiniso elinqala lokuthi abanye abantu bathembekile, banothando, futhi bayalalela. Kepha—kungani na? Izinhlekelele ziyabashaya nabo. Sikuchaza kanjani lokhu na? Iqiniso ngukuthi, asikwazi. Siphila emhlabeni wesono, wobubi, izwe lapho impikiswano enkulu idlangile, futhi akekho kithina ovikelekile kuyo.

Lezizindimana zisifundisani ngalombuzo olukhuni na? Marko 6:25–27; Jobe 1, 2; 2 Kor. 11:23–29.

Ngokungangabazi, abantu abalungileyo nabathembekileyo, begcina umthetho, abazange baphumelele ngasosonke isikhathi, okungenani njengalokhu izwe liqonda impumelelo. Nalapha, futhi, kungaba khona ingxenye yempendulo yalombuzo olukhuni, umbuzo lapho sifuna ukufundisa ukubaluleka komthetho ngokungangabazi uzophakanyiswa. Yini ngempela esiyichaza nge “mpumelelo” na? Uthini umhlabeleli na? “Ngingamane ngibe ngumlindi wesango endlini kaNkulunkulu wami kunokuba ngihlale ematendeni ababi” (Hub. 84:10, NKJV). Akungabazeki ukuthi, ngokwezilinganiso zezwe, nalabo abathembekileyo kuNkulunkulu futhi belalela umthetho Wakhe “abaphumeleli” njalo, okungenani okwamanje. Siyabalimaza abafundi bethu ngokungakusho lokhu.

Funda AmaHeberu 11:13-16. Lezizindimana zisisiza kanjani ukuba siqonde isizathu sokuhlupheka kwalabo abathembekileyo kulokhu kuphila na?

UJesu, Isibonelo Sethu

UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, waphila kuphela okuyiyona Mpilo yesintu ngokulalela uBaba ngokupheleleyo, ngokulalela umthetho kaNkulunkulu ngokupheleleyo. Wakwenza lokhu ukuze angathathi nje isikhundla sethu, okuyikona akwenza, kepha futhi abe yisibonelo sethu, lokho waba yikona.

Funda izahluko ezilandelayo: Luka 2:51, 52; Filip. 2:8; Heb. 5:8; Johane 8:28, 29. Zisikhumbuza kanjani ngokulalela kukaJesu empilweni Yakhe yonke na?

Mhlawumbe uJohane wakusho kangcono kunabo bonke lapho eloba lokhu: "Lowo othi uhlala Kuye, yena umelwe Ukuhamba njengalokho ahamba Yena" (1 Johane 2:6, NKJV). Lapho sibuka empilweni kaKristu kanye nomsebenzi Wakhe emhlabeni, kulula ukubona ukuthi wayemthokozisa kanjani uBaba ngokulalela Kwakhe. UKristu wasigcwalisa isiprofetho, futhi wagcina imithetho kaNkulunkulu impilo Yakhe yonke. Njengalokhu atshela uMose ukuba alobe umthetho Wakhe ukuze ube Ufakazi kuIsrayeli, uKristu waba yisibonakaliso esiphilayo sikafakazi kubapostoli Bakhe, abafundi, kwizoni nakwabangcwele. Manje, kunokuba nje sibe nemithetho yokuba siyilandele, sinesibonelo sikaJesu, umuntu wenyama negazi, sokuba sisilandele, futhi. Njengothisha, yisiphi esinye isibonelo esingcono esingasethula kubafundi kunesikaJesu nangendlela alalela ngeyo uBaba na? "Lokho okusakholo kuKristu okuthi kukhulula abantu emthwalweni wokulalela uNkulunkulu, akulona ukholo, kepha ngokucabangela nje. 'Ngomusa nisindisiwe ngokukholwa.' Kepha 'ukholo, uma lungenayo imisebenzi, lufile.' Efesu 2:8; Jakobe 2:17. UJesu wathi Ngaye ngaphambi kokuba eze emhlabeni, 'Ngiyathokoza ngokwenza intando Yakho, Nkulunkulu Wami; yebo umthetho Wakho usenhliziyweni Yami.' Amahubo 40:8. Futhi ngaphambili nje kokuba akhuphukela ezulwini wamemezela, 'Ngiyigcinile imithetho kaBaba Wami, futhi ngihlala othandweni Lwakhe.' Johane 15:10. Imibhalo ithi, 'Ngalokho siyazi ukuthi siyamazi Yena, uma sigcina imiyalo Yakhe. . . . Lowo othi uhlala Kuye, yena umelwe Ukuhamba njengalokho ahamba Yena.' 1 Johane 2:3–6."—Ellen G. White, *Steps to Christ,* p. 61.

Yini ongeyenza kangcono ukuba ulandele isibonelo sikaKristu kuzo zonke izigaba zempilo yakho kuthi ngalokho ube nguthisha ongcono kwabanye futhi na? Nakuba kungumqondo omdala, kungani lokho esikwenzayo—izenzo zethu—kukhuluma kakhulu kunalokho esikushoyo na?

Cabanga Kabanzi:

"Uthando, isisekelo sendalo kanye nokuhlengwa, yisisekelo semfundo yeqiniso. Lokhu kwenziwe kwaba sobala emthethweni uNkulunkulu awunikeze njengomholi wempilo. Umthetho wokuqala nomkhulu yilo, 'Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo onke amandla akho, nangayo yonke ingqondo yakho.' Luka 10:27. Ukumthanda Yena, owaphakade owazi konke, ngamandla onke, nangengqondo, nangenhliziyo, Kuchaza ukuthuthuka okuphezulu kunakho konke kwamandla onke. Kusho ukuthi kuso sonke isiqu—umzimba, ingqondo, kanye nomphefumulo—umfanekiso kaNkulunkulu kumele uvuselelwe. "Njengowokuqala unjalo umthetho wesibili—"Uyakuthanda umakhelwane njengalokhu uzithanda wena.' Mathewu 22:39. Umthetho wothando ubizela ekunikeleni umzimba, ingqondo, nomphefumulo ekusebenzeleni uNkulunkulu nabantu. Futhi lokhu kusebenza, ngenkathi kusenza isibusiso kwabanye, kuletha isibusiso esikhulu kunazo zonke kithina. Ukungabi nabugovu kuyisisekelo sakho konke ukuthuthuka kwangempela. Ngokusebenza okungesibo ubugovu samukela impucuko ephakeme yazo zonke izigaba. Siya ngokuba nesabelo sesimo esingcwele. Senziwa sifanele Izulu, ngokuba samukele Izulu ezinhliziyweni zethu."—Ellen G. White, *Education*, p. 16.

Imibuzo YokuXoxisana:

1. NjengoIsrayeli wasendulo, simelwe Ukuthanda nokwesaba uNkulunkulu ngesikhathi esisodwa (Mat. 22:37, Samb. 14:7). Eklasini, xoxani ngokuthi singakwenza kanjani kokubili. Futhi, phendulani umbuzo: Kungani lemithetho emibili ingaphikisani na?

2. Yimuphi umehluko phakathi kokubeka isilinganiso nokubeka umthetho na? Kumava akho, ngabe ubu-Adventist buqinisa kakhulu ekubekeni amazinga aphezulu kumalungu noma ekubekeni imithetho eyenza umphakathi wawo ube munye na? Ithini Imibhalo mayelana nokuzibekela amazinga aphakeme na? Ukubekela Umndeni? Nokubekela ibandla na?

3. Sifinyelela kanjani ekulinganiseni okufanele ekuboniseni ukubaluleka kokulalela umthetho kaNkuliunkulu futhi, ngokufanayo, sibonise ukuthi ukulalela akuwona umthombo wosindiso na?

4. Funda Amahubo 119 futhi uqaphele izikhathi eziningi umqondo wokulalela, wenkululeko, wemiyalo, wemithetho, ovezwa ngazo. Umlobi waMahubo 119 ufuna ukwedlulisani ngalezizindikimba na?